# *Simenzenjani LoJesu Othiwa uKristu Na?*

Ngifuna ukusheshisa, ngoba ngiyazi ukuthi nonke nikhathele ngokuba sendlini yokukhonzela, (ngiyabonga, mnumzane), ngokuba sendlini yokukhonzela namhlanje. Ngifuna nje ukuthatha lesisikhashana sesikhathi, nokho, ukuzwakalisa ukubonga kwami kuMfowethu Demos Shakarian.

2 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . kaze kuhlanganwe njengePentekoste, phansi kwamaqembu. Miningi kakhulu imehluko. Kodwa kukhona indawo eyodwa lapho esihlanganyela khona izinto ndawonye, phansi kweGazi likaJesu Kristu, yilapho esihlanganyela khona izinto ndawonye. Leyo yindlela kaNkulunkulu ngathi yokuba sihlangane, empeleni. Futhi ayikho enye indawo uNkulunkulu athembise ukuhlangana kuyo nomuntu, kuphansi kweGazi elichithekileyo.

3 Bengicabanga izolo ebusuku ngomfowethu, uOral Roberts, ngenkathi enza lesositatimende esiyisimangaliso lapha, mayelana nokuthi, "Ngokuphuma ekujuleni kwakhe kuyogobhoza imifula yamanzi." Enkulu . . . Ukuthi ukwethule kanjani lokho, mayelana nokuthi, "okuphuma esiswini sakhe," ngikholwa ukuthi wathi, "phosa, kuzogobhoza lemifula yamanzi."

4 Senake naqaphela, ukuthi yimifula yamanzi awodwa na? "Imifula," ubuningi; "amanzi," awodwa. Hhayi imifula yamanzi amaningi; kodwa, "imifula yamanzi," uMoya owodwa. "NgoMoya ofanayo thina sonke sibhaphathizwe eMzimbeni ofanayo." KuYe kugobhoza ukulunga nomusa kaNkulunkulu.

5 Futhi manje, ninabantu baseCalifornia, sizoba sesifundazweni sakini, siqala ngeviki elizayo, ngikholwa ukuthi, lapho. Bese-ke siqhubekela ezansi sidabule eGeorgia, eLouisiana, eFlorida, siqhubekele ezansi size siqale phesheya kwezilwandle.

6 INkosi inibusise, kakhulu. Ngiyawajabulela amanenekazi amancane elidlale umnyuziki, nalawa indoda elungileyo engidibane nawo.

7 Lomfowethu omusha lapha, uMfowethu Solomon King. Ngingahle ngikusho ngokungesikho lokho. Ngingacabanga ngeNkosi uSolomoni, futhi nje ngikuphendukezele. Lokho kwakungalelolanga; lena ngenye inkosi, futhi. Kunjalo. Indodana yeNkosi, empeleni, kunjalo; indodana yeNkosi; hhayi *i*nkosi, iNkosi *uqobo*!

8 Uma ngibuka lokhu, kungikhumbuza ngezansi eMexico lapha, eminyakeni embalwa edlule eDolobheni laseMexico. Sasilapho ngobunye ubusuku, kwakukade kukhona indoda eyimpumputhe, ngobusuku bayizolo, yeza emsamo, iyimpumputhe ngci iminyaka eminingi. Ngabuka izinyawo zayo. Ngangimi lapho ngigqoke isudu enhle, izicathulo. Futhi ngabuka ezayo. Yayiyimpumputhe, ingafake-zicathulo, ibhulukwe elingamanikiniki, futhi imi lapho phandle kuleyomvula. O, mhlawumbe izinkulungwane ezingamashumi amathathu, noma ngaphezulu, emi lapho kuleyomvula, bencikene, kungekho-zihlalo; bekade belokhu belapho kusukela kusesekuseni ngalokho kusa, nje belindele ukufika lapho ngalobo busuku. Futhi kwakukade kukhona lendoda eyimpumputhe, yayivuleke amehlo.

9 Futhi ngobusuku obulandelayo, kakhulu, cishe usayizi ophindwe kabili walelibhentshi lapha, noma ngabe besingakubiza ngani, kwakusemsamo nje, kwakuyizitaki nje cishe impela ziphakeme njengokulenga kwalelokhethini, zamatshali amadala nje namabhantshi, futhi abantu ababewagqokile futhi aphoswa phezulu lapho. "Ukuze nje siwathinte!"

Imvamisa bonke babeyiKatolika, kusobala, lapho eDolobheni laseMexico.

10 Futhi ngangena, ngiyiProtestane lokuqala ukuba ngike ngingene ngaphansi kokumenywa ngumbutho wezempi. Lokho kwakuvela kuGenene Valdivia, umngane wethu olungileyo lapha, OsomaBhizinisi beFull Gospel.

11 Ngiyakhumbula ngalobobusuku, kwabakhona ukukhala okukhulu okuvela ngaphandle. Nendodana yami yeza kimi, yathi, "Nginabangenisi cishe abangamashumi amahlanu, noma ngaphezulu, abemi lapho, futhi abakwazi ukumgcina owesifazane omncane oyisiPenishi. Unengane efile, ife ekuseni namhlanje." Wathi, "Abakwazi ukumvimbela ngaphandle lowo wesifazane." Wathi, "Uzogibela emihlane yabo nakho konke."

Ngathi, "Awu, kuqiniseni nje."

Wathi, "Anginalutho olunye engingaqinisa ngalo."

Ngathi, "Mnike ikhadi lomkhuleko."

Wathi, "Anginalo. Asekhishwe onke."

12 Ngathi, "Mfowethu Moore, hamba umkhulekele," "ngathi, ngoba akangazi." Futhi ngathi, "Hamba umkhulekele. Futhi ngizozama ukukhulekela lesisitaki esikhulu sezingubo, emizuzwaneni embalwa nje."

13 Futhi ngenkathi ngisami lapho, ngabuka ngale kwezethameli *kanje*, futhi phambi kwami kwakuyingane encane engumMexico, ingenamazinyo, imamatheka nje, phambi kwami ngqo. Ngathi, "Awulinde umzuzu, Mfowethu Moore."

14 Futhi bamletha umfo omncane. Nenekazi elincane langena, liwa phansi, liphethe isiphambano esinesithombe sikaKristu ngesandla. Ngasho, ngomfowethu, umhumushi, ukuba amsukumise.

15 Futhi ngathi, "Mfowethu Moore, angazi noma yikho yini lokhu, noma akusikho, kodwa ngibone ingane encane imi qekelele phambi kwami, embonweni njengamanje, imamatheka."

16 Wayeyiphethe iphansi kwencane, ingubo enemishwe eluhlaza-s'bhakabhaka nemihlophe, nje imanzi te. Lalina nje. Cishe kwakungeleshumi nqo ebusuku. Ingane yayikade ife ngalokho kusa, lapha kwelesishiyagalombili noma elesishiyagalolunye, eofisi likadokotela, iphethwe yinyumoniya. Futhi ngakho wayekade emi emvuleni. Izinwele zakhe zonke zazemboze ubuso bakhe, futhi yayingumntwana othandeka kabi. Wayebukeka cishe elapha, ingane yakhe yokuqala, eselapha ekuqaleni kwamashumi amabili. Nomfo omncane wayefile.

17 Futhi nje ngabeka izandla zami phezu kwayo, futhi ngathi, "Nkosi Jesu, angikuqondi lokhu, kodwa ngokwalowombono ngibone. . . " Futhi kwathi nje ngingasho lokho, yakhahlela yakhala kakhulu, nomfo omncane wayesephila.

18 Futhi nganginoMfowethu Espinoza. Bangaki owazi uEspinoza, uMfowethu Espinoza? Nguye owakuxosha wakwehlisa, eofisi likadokotela, ngathola ukuthi yiqiniso, niyabo, kunjalo, ingane yafa ngalokho kusa, ukusayina isitatimende.

19 Futhi ngakho UnguNkulunkulu ofanayo namhlanje, uma nje singaba nohlobo olufanayo lokukholwa kuYe. Kunjalo.

20 Baba wethu waseZulwini, sithumelele lokho kukholwa kwalowo wesifazane ongumMexico, namhlanje. Wayeyibonile leyondoda encane, eyimpumputhe iphiliswa, ngobusuku bayizolo. Emi phandle lapho nengane yakhe, kulowo obandayo, umoya ovunguzayo, kwaphathwa yinyumoniya. Futhi ngakusasa ekuseni, kusesekuseni, kwafa eofisi likadokotela. Umcabango wakhe wokuqala uyafika, "Uma uNkulunkulu engaphilisa amehlo aphuphuthekile, engembula izimfihlo zenhliziyo, kuseyilo iZwi likaNkulunkulu, ngokuba iZwi likaNkulunkulu lehlulela imicabango osenhliziyweni." Futhi wayazi ukuthi Wayengakwazi ukwehlulela imicabango owawusenhliziyweni yakhe. WaMkholwa, nokuthi Wakwazi ukuvusa uLazaru ethuneni, futhi Wayenguye izolo, namuhla, naphakade. Uyafika, futhi Wamvuza, Nkosi, ngokumbuyisela ingane yakhe. Iyaphila namhlanje, ngokwazi kwethu. SiyaKubonga ngalokhu.

21 Sibusise, namhlanje, Baba. Busisa lababantu ngalamaduku namabhantshi kubekwe lapha, futhi. Futhi kwangathi

uMoya waKho oNgcwele ungeza manje futhi usinike iZwi likaNkulunkulu. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

22 Ngiyazi ninomhlangano emizuzwaneni embalwa, noma ngelesihlanu nqo, ngiyakholwa. Futhi ngokuvamisile lokho ngeke bekungeke kwanginika isikhathi ukuba ngiqale, kodwa ngi—sengiphendukile kulokho, ngiyacabanga, manje. Ngizame kanzima kuleliviki, phansi komphimbo obuhlungu, mhlawumbe lokho bekusebenzelana kube ngokuhle.

23 Ngatshela abantu ngelinye ilanga, nga—ngangifake izinwedlana zokufakelwa, kodwa nganginamahloni okuzifaka ngoba ngangikade ngibampongolozela abesifazane kakhulu impela mayelana nezinwele zabo. Futhi izinwele zami zasuswa yi esidi yekhabholiki. Futhi ngobunye ubusuku bavula lowomnyango, umoya omncane washweza konke lapha, futhi bengingacabangi ukuthi ngizobuyela lapha namhlanje. Ngithe, "Uma uMfowethu Oral Roberts ekhona, angama, uma ethanda." Akakabonakali nokho, ngakho ngizofunda umBhalo, futhi ningikhulekele.

24 UMathewu oNgcwele, isahluko 27, siqale ngevesi 11, ngifisa ukufunda. Manje lalelisisani ngempela ekufundweni kweZwi. Imbangela, izwi lami liyizwi lomuntu, liyokwehluleka. IZwi laKhe ngeke lehluleka, ngakho manje lalelisisani njengoba sifunda.

25 Futhi ngaphambi, nisaphenya, ngithanda ukumemezela ukuthi umfowethu, uOral Roberts, uzoba sezansi eJerusalema, futhi, ngoLwesihlanu oluzayo ebusuku, ngakho nonke nifuna ukuza. Nithi, "Kuphi?" Omunye uthe iFlorida yayiyizwe lesithembiso, ngiqagele ngingabiza iTucson, ngeJerusalema. IPhoenix isesigodini, niyabo, neJeriko yayisezansi nje esigodini ukusuka eJerusalema. Angisoze ngaphuma lapha kanjalo, ngiyophuma na? UMfowethu Oral Roberts ukhuluma ebusuku ngoLwesihlanu oluzayo futhi ngineqiniso ukuthi nonke niyokujabulela ukumuzwa. Sizokujabulela ukuba nehle.

26 Isahluko 27, ivesi 11.

> *Kepha uJesu wayemi phambi kombusi: umbusi wambuza, wathi, Wena ungu*Kristu wa*baJuda na? UJesu wathi kuye, Usho khona.*
>
> *Kwathi lapho* (babakhulu) *abapristi abakhulu namalunga bemthwesa icala*, nange. . . futhi *kaphendulanga-lutho.*
>
> *Khona uPilatu wathi kuye, Awuzwa yini lokho okungaka abafukaza ngawe na?*
>
> *Akaze amphendula nakwelilodwa izwi; umbusi waze wamangala. . .*
>
> Kepha ngomkhosi umbusi. . . ye*jwayele kukhululela abantu isiboshwa, abathanda ukuba sikhululwe.*

*Babenesiboshwa esidumileyo, esithiwa uBaraba.*

*Ngakho sebebuthene, uPilatu wathi kubo, Nithanda ukuba nginikhululele-bani na? UBaraba, nokuba uJesu othiwa uKrsitu na?*

*Ngokuba wayekwazi ukuthi bamnikele ngomhawu.*

*Esa*bopheke phansi kulokhu, *hlezi esihlalweni sokwahlulela, umkakhe wathumela kuye, wathi, Ungabi-nandaba kulowomuntu olungileyo: ngokukuba ngihluphekile kakhulu namuhla ngaye ephusheni.*

*Kepha abapristi abakhulu namalunga bancenga izixuku ukuba zicele uBaraba, zimbulale uJesu.*

*Wayesephendula umbusi wathi kubo, Nithanda ukuba nginikhululele muphi kulaba ababili na?* Futhi *bathi, uBaraba.*

*UPilatu wathi kubo, Pho-ke ngimenze-njani uJesu othiwa uKristu na? Bathi bonke kuye, Makabethelwe.*

*Umbusi wathi,. . .wenze-bubi buni na? Kepha bamemeza kakhulu, bathi, Makabethelwe.*

*UPilatu esebona ukuthi akanakwenza-lutho, nokuthi isiphithiphithi sesanda kakhulu, wathatha amanzi, wahlamba izandla phambi kwesixuku, wathi, Anginacala egazini lalomuntu olungileyo: ziboneleni nina.*

*Abantu bonke base bephendula, bethi, Igazi lakhe malibe-phezu kwethu, naphezu kwabantwana bethu.*

*Wayesebakhululela uBaraba: kepha wamshaya uJesu, wamnikela ukuba abethelwe.*

27 Indaba yami namhlanje, uma ngingafanele ngiyibize ngalokho, emizuzwini engamashumi amathathu elandelayo, ithi: *Simenzenjani LoJesu Othiwa uKristu na?* Manje-ke ngizothanda ukusho lokhu, futhi, "UJesu ezandleni zethu."

28 Manje, ngikholwa ukuthi ihora lapho isigcawu sethu siqala khona, sekulapha okucishe kube sekusile, ihholo lokwahlulela likaPilatu. Futhi ngesinye sezikhathi ezidabukisa kunazo zonke, futhi esinye sezikhathi esibucayi kakhulu, kuwo wonke umlando. Kwakuyiphutha elidabukisa ukwedlula onke ibandla elake lalenza emlandwini walo. Babesanda kulenza nje, futhi manje sekuphoswe emathangeni ombusi, umbuso. Kokubili ibandla nombuso, ngoba babengabantu abakhethwe nguNkulunkulu, bebizelwe ukuba yizinceku zaKhe, nesizwe sasifanele ukulawulwa yimithetho kaNkulunkulu.

29 Nebandla lalimenqabile uMesiya walo. Nakuba Wayekhonjwe kahle kakhulu phambi kwabo, babekhethe okungcono ukuhlala nesiko lamalunga angalolosuku, kunokukholwa ngeligcotshiwe, iZwi eliqinisekisiwe

uNkulunkulu ayebethembise lona amakhulu eminyaka, ukuba lifike.

30 Niqaphelile yini, kuprofethiwe futhi ukuthi bayophuphuthekiswa na? Abakuqondanga lokhu, nokuthi bayophuphuthekiswa kanjani, kodwa babanjalo.

31 Futhi babenze iphutha labo elikhulu, futhi ngalolusuku babenze ukubonakala kwabo kokugcina kwakho. Futhi manje sekusezandleni zikahulumeni, futhi manje uhulumeni ufanele enze isinqumo sakhe. Amabandla ayesevele eMnqabile, nakuba uNkulunkulu wayekufakazise ngempela du ukuthi WayenguMesiya wabo.

32 Manje ngifuna nje ukuthatha imizuzwana embalwa ngaphambi kokuba sehlele kulokhu, endikimbeni nokunjalo, enginamanothi engiwabhale lapha ngayo. Bakwazi kanjani labobantu ukuba behluleke ukubona lokho na? Into eyodwa umBhalo uyisho ngokucacile, "Babephuphuthekile." Kodwa kulukhuni ukubenza baqonde ukuthi baphuphuthekile, nje kulukhuni njengoba kunjalo namhlanje.

33 Lapho, iBhayibheli lisitshela ukuthi lesisizukulwane si "hamba-ze, silusizi, simpofu, futhi siphuphuthekile, kepha aslikwazi." Manje, lowo ngumBhalo. Manje utshela thina maMelika ukuthi siphuphuthekile, sizokutshela khona masinyane ukuthi awazi ukuthi ukhuluma ngani.

34 Kodwa ngizoniletha ecaleni kulentambama, sithole ukuthi siyizimpumputhe noma qha. Futhi sinoJesu esecaleni, kulentambama, neGazi laKhe ezandleni zethu, futhi manje sifuna ukubona ukuthi suzokwenzenjani ngakho. Ngabe sizokwenza iphutha eluwubudedengu elifana nalo abalenzayo ngaleyonkathi na?

35 Qaphelani ukuthi kwenzekani. Wayekhonjwe ngokucacile, futhi wasigcwalisa isikhundla uNkulunkulu athi Wayezosigcwalisa, njengoMesiya. Kwakungekho-mbuzo ngakho. Ngokuba, Wazalwa ngendlela uNkulunkulu athi wayezozalwa ngayo. Wenqatshwa ngendlela uNkulunkulu athi Wayezonqatshwa ngayo. Wayezifakazele Yena uqobo ukuthi unguMesiya, ngoba uMesiya wayenguNkulunkulu. Ukuthi *Mesiya* kusho ukuthi "ogcotshiweyo." Futhi Wayegcotshwe ngo—ngokugcwala kobuNkulunkulu, ngokomzimba kwakuhlezi kuYe. Wayengesuye nje umprofethi. Nokho, WayengumProfethi, kodwa Wayengaphezu komprofethi. WayengubuNkulunkulu ngokomzimba ehlala esidalweni esingumuntu esasaziwa njengeNdodana kaNkulunkulu. UNkulunkulu, uYise, wayesibekele intombi futhi wadala kuyo, iGazi, esizalweni sayo, ingqamuzana leGazi elazala iNdodana kaNkulunkulu, uNkulunkulu ahlala etabernakele.

36 Futhi Wakhonjwa kubo, njengaLowo Athi Wayenguye, kodwa Akazange aphume ngqo abatshele, "NgiyiNdodana

kaNkulunkulu." Qhabo, qhabo. Babefanele bakukholwe lokho. Wathi, "Imisebenzi yaMi iyafakaza ukuthi NginguBani." Wabayala, "Bhekani emiBhalweni," futhi babone ukuthi suku luni ababephila kulo, khona-ke babezokwazi ukuthi Wayengubani.

37 Ngicabanga ukuthi kusifanele ukwenza lokhu, njengoba sibona olunye uphumo seluseduze. Ngicabanga ukuthi sifanele sibheke, futhi sihlole imiBhalo, uma sibona izinto zivuka.

38 Siyaqaphela-ke ukuthi ibandla babenze isinqubo sabo, ukuthi babengafune kuzihlanganisa ngalutho naYe. Ngani, kanti iZwi laliMkhombe ngokuyikho, nemisebenzi yaKhe yaqinisekisa ukuthi WayenguMesiya na? Embi kakhulu kangaka, into ebucayi, iphutha, lelobandla elalenzayo!

39 Futhi angazi noma bekungenzeka yini ukuba senze lelophutha elifanayo na? Babekade benikezwe ishansi yabo yokugcina ukubona ukuthi Wayeyini, nokuLemukela. Manje, ungeke ubenethuba njalo ukwemukela lokho uNkulunkulu akuthumelayo. Niyabo, ukubekezela kwaKhe ekugcineni kuyaphela, bese-ke unqamula lowomugqa phakathi komusa nokwahlulelwa. Akusekho lutho olusele kuphela ukwahlulelwa uma ukubekezela kukaNkulunkulu ekugcineni sekuphela.

40 Kodwa babekade benikwe lelithuba, futhi baMbona Ezikhomba, baMbona emthonjeni nowesifazane, futhi wamtshela ukuthi wayekade enamadoda amahlanu. Wambona uNathanayeli ekhuphukela kuYe, emva kokuba uFiliphu kade ehambile futhi waletha uNathanayeli eBukhoneni baKhe, futhi Wakhuluma futhi washo khona impela ukuthi wayengubani nokuthi uvelaphi. Watshela uSimoni Petru ukuthi wayengubani uyise, nokuthi kwakungubani igama lakhe. Futhi babekade bengenaye umprofethi iminyaka engamakhulu.

41 Futhi ngisho nalesosifebe esincane saliqonda iZwi likaNkulunkulu. Sasingaxovekile entweni ethize. Sona, sona, awu, umqondo waso wawungesikho nhlobo, esingakubiza, uma ningaxola ngesisho esisuka kuleli, "dungekile," sigijima *lapha* sibuye sigijime *laphaya*. Kwakungumqondo oyintombi, maqondana nalokho. Sathi, "Siyazi uMesiya uyeza, futhi yilokhu Azokwenza."

Futhi wathi, "NginguYe."

42 Futhi masinya sagijima, satshela indoda emzini, "Wozani, niMbone, nguye impela uMesiya lo."

43 Ngani, labo abafundisayo nabantu bangalolosuku abakwazanga ukukubona lokho. Ku, kuzoba lukhuni ukukubona uma ningenakuyazi imiBhalo. Kodwa umBhalo wathi, "Baphuphuthekiswa." Baphuphuthekiswa ngempela. Kodwa bakhetha, njalo, esikhundleni salowoJesu othandekayo, e . . . Sizwa kuzwakala ukumemeza, "Mbethele!"

44 UPilatu wathi, "Ngizomenzenjani loJesu othiwa uKristu na?"

Bathi, "AsiMfuni! Mbethele!"

"Ubani engizonikhululela yena na, uBaraba noma uJesu na?"

45 Futhi benza iphutha eliwubudedengu ngokukhetha umbulali esikhundleni somnikezi-kuPhila. Lowo owayekhonjwe njengomnikezi-kuPhila, bakhetha umbulali owayekhonjwe njengomthathi-kuphila. Ukuphambanisa okunje pho! Futhi ngiyamangala ukuthi ngabe . . .

46 Ngikusho lokhu ngakho konke ukuhlonipha abazalwane bami nodadewethu kokumesaba unkulunkulu, nabesilisa nabesifazane balolusuku, engishumayela kubo, ngothando enhliziyweni yami kubo bonke abantu: Ngiyamangala ukuthi ngabe cishe asesikulungele yini ukubona into efanayo njengoba bayibona ngaleyonkathi! Uhulumeni wayesengene kulokhu, futhi kwa—kwase kukhona inkulumo-mpikiswano. Umbuzo ufanele uxazululwe. Kwakusekuhlaleni kwamaqiniso obala.

47 Kubenjalo namuhla, kunjalo kulelihora! Kukhona ukuhlala kwamaqiniso obala! Kufanele kubekhona into eyenziwayo, nifanele nithi "yebo" noma "qhabo." Kodwa, khumbulani, ngeke kubenjalo uma seniphoqwa ukuba nikwenze. Nifanele nikwenze ngentando yenu yokuzikhethela manje. Manje! Hhayi lapho lesosikhathi sesenzeka; lapho sesenzeka, kuyobe sekuphelile. Manje! Lolu mhlawumbe kungaba wusuku lokugcina eniyoba nesikhathi sokukhetha. Ngeke-ke nisakwenza ngalesosikhathi, senivele nisithathile; sekukude kakhulu, ngalesosikhathi. Nifanele nikwenze manje. Ningalindi kuze kube umzuzu wokugcina, ngoba isikebhe sizosuka sinishiye. Iminyango izovalwa.

48 Abantu abaningi babeyongena emkhunjini ukuba babengene lapho, lapho imvula iqala ukwehla. Kodwa inkulumo-mpikiswano yenziwa, iVangeli lashunyayelwa, izibonakaliso sakhonjiswa; nesikhathi saphela, imvula ngaleyonkathi yase yehla, ukwahlulelwa kwase kukhona.

49 Manje, isizwe sonke saMlahla, ngenxa yokuthi sasibizwa, njengoba besingathi namhlanje, "isizwe samaKristu," njengoba lesi sibizwa ngesizwe samaKristu. Ngakho-ke, uma sasibizwa ngesizwe sikaJehova, abantu baKhe abaqokiweyo, khona-ke isizwe sonke saMchitha. Ibandla lase livele liMchithile. Ibandla lase liMkhahlele lamkhipha. Babengafuni kwenza lutho ngaYe, kodwa manje uhulumeni usengene kukho.

50 Kanjalo sekubuyile futhi, sekubuyele ethangeni ngqo futhi, nomBhalo ubekwe lapha, wakhonjwa, khona impela uJesu athi kuyokwenzeka. Yini sibhadazele kuleli amahora obumnyama na? Sikuvumelelani lokhu kwehlele phezu kwethu, lapho sixwayisisiwe ngempela na? Njengoba kwakunjalo nje

ngezinsuku zikaLoti, sibona into efana ngqo. UJehova ubeke isigcawu, futhi wasitshela, "Njengoba kwakunjalo ngezinsuku zikaLoti!" Nibona izithunywa ngaleya ziseBabiloni, zizama ukukhipha uLoti; futhi nibona uMlayezo uya kubaKhethwa, uAbrahama, owayesevele engaphandle. Nakho konke, impela, kuya egameni, indawo, nesikhathi, kukhonjisiswe ngempela.

51 Kodwa manje sekusezandleni zikahulumeni. Uhulumeni uzokulahla manje, futhi bazokwenza. Ningakhathazeki ngalokho. Yisizwe samaKristu, sifanele sithathe isinqumo saso sobuKristu, uma siyiso. Sekungukuhlala kwamaqiniso obala.

52 Isizwe sonke sadingeka ukuthi silethwe ekwahlulelweni. Ngoba, kwenzeka cishe ngonyaka ka 70 uJesu aZalwa, lapho induna enkulu yamaRoma, uTitus, evimbezela iJerusalema, cishe ngonyaka ka 70 uJesu aZalwa, enempi yakhe yaseRoma, futhi lapho bakhokha inkokhelo yokuMlahla.

53 Namhlanje, njengoba sibheka lelocala lapho, futhi siphume lapha futhi siyakulingisa ngezindlela ezahlukene, ngamacala ngoLwesihlanu luka Gudi, futhi sikhulume ngakho, nezinto. Futhi yona into efanayo esikhuluma ngayo, eyenzeka ngaloloLwesihlanu luka Gudi, ikhona ngqo ngaphansi kwamakhala ethu namhlanje! Namalunga ethu enza into efanayo abayenzayo, akungenisa ngqo ngecala elifanayo, emva kweZwi elithenjisiweyo elifanayo lalolusuku belingeliqinisekisiwe nje ngokufanayo njengoba laliqinisekiswe lapho.

54 UJesu, "umfana wombazi ojwayelekile," babecabanga kanjalo. WayeyiZwi likaNkulunkulu libonakaliswa. Futhi Wakhonjisiswa ngempela, ngoba imisebenzi kaNkulunkulu yayizibonakalisile ngaYe, futhi yafakazisa ukuthi WayenguMesiya.

55 Futhi, namhlanje, lolodaba olufanayo lufikile futhi, lapho uMoya oNgcwele efike phezu kwethu ngezinsuku zokugcina futhi Wazikhomba khona impela ebandleni lethu, futhi ufakazise imisebenzi efanayo Ayenzayo Eselapha ekugcwaleni phezu kukaJesu Kristu. Wenza into efanayo phezu koMlobokazi, enza into efanayo, futhi sisalokhu sifuna ukuWuchitha.

56 Khumbulani, lawa ngamateyipu eyenziwa manje, eya emhlabeni wonke, hhayi kuphela ePhoenix lapho. Ngikhuluma nohhafu womhlaba, ngalesisikhathi ngoba sinebhizinisi lamateyipu oya emhlabeni jikelele.

57 Qaphelani, namhlanje sinecala elifanayo, emva kweZwi elifanayo elikhonjiweyo. AmaHeberu 13:8, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade." UJohane oNgcwele 14:12, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza." UMathewu 28, "Lonke izwe, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo." "Bhekani, kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona; kepha nina niyoNgibona, ngokuba

Ngiyakuba-nani, ngibekini, kuze kube sekupheleni konyaka." "UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade!"

58 Bakhethe namhlanje, hhayi umbulali kuphela, kodwa umbulali weZwi, wona impela umzimbanyana oncike kumbulali wokuqala.

59 Lapho bona, abaphostoli wayeshumayela iVangeli, futhi kwehlele kuIrenaeus, nabaningi babaguquli abakhulu nabaqambi emuva onyakeni wangasekuqaleni, kufika eNayisiya, kanye, ukuba kuhlale amaqiniso obala, futhi banquma ukwenza ibandla lomhlaba wonke, ukuphoqa abantu bafike babengaphansi kwesifunda sabo. Abaningi ofunde umlando lapho, uyazi ukuthi abaprofethi abaningi abadala bafika lapho bezisonge ngezikhumba zezilwane, bedla kuphela imifino nezinto, futhi bazama ukubamba baqinisele ngaleloZwi, babambelelele iZwi likaNkulunkulu. Kodwa benzani ngalezozinsuku eziyishumi nanhlanu zombusazwe ezinegazi na? Ekugcineni banquma ukwenza ibandla lomhlaba wonke, base bexhumelela ubuhedeni nobuKristu, futhi bakuhlela njengebandla lomhlaba wonke.

60 Futhi, namhlanje, amaProtestane aziphosa wona ndawonye eMkhandlwini wenkolo yobuKristu, enza into efanayo, ezixhumelela esikweni lomuntu, futhi esikhundleni sokuthatha iZwi likaNkulunkulu elikhonjisiswa ngempela nguMoya oNgcwele, ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Ibandla limi esikalini, namuhla, futhi lifunyanwa lilula. Senibuyele emuva ehholo yokwahlulelwa kaPilatu. Yebo, mnumzane.

61 Wenzani na? Wenza umfanekiso kuso isilo. Ungumzimbana omncane oncike eRoma. Uma uMkhandlu wenkolo yobuKristu uphoqa, futhi uyophoqa lonke ihlelo lamaProtestane ukuba lingene kuwo; futhi ngokwenzekayo konke kulapho manje, iFull Gospel nawo onke. Ihora lizofika lapho bezodingeka ukuba beze noma bahlale ngaphandle, futhi, ngalesosikhathi, uma kufika leyompoqo, usuvele uzibandakanye nophawu lwesilo. Manje, kuyilokho impela.

62 Kuyini na? Izifebe zamaProtestane nomama omdala, iRoma, isifebekazi! ISambulo 17 sathi wayengu, "NINA WEZIFEBE," impela, amahlelo amaProtestane; ekhongozele ngesandla sakhe isitsha solaka luka—lukaNkulunkulu, ephuzela ukuzifisela okuhle, ubufakazi bakhe, "*yilokhu* esikukholwayo," futhi lowo nalowo, "*yilokhu* esikukholwayo."

63 *Nakhu* ibandla elifanele likukholwe, iZwi likaNkulunkulu, "nawo onke amazwi omuntu mawabe amanga." Yilokho okufanele kube yikho.

64 Kodwa siletha uKristu futhi kulelohora elibucayi Ama kulo, ehholo yokwahlulela kukaPilatu; ngokufikisela umunyu, isigejane esincane esiphushelwe eceleni, nekhanda elikhotheme. Amanye amahlelo abalahla, abala, futhi abaxosha, futhi athi,

"Ningabi namsebenzi naLo!" Kungcono nihlole eZwini. Manje siyathola, loMkhandlu wenkolo yobuKristu unjalo. Wenzani na? Wona, iBhayibheli . . .

Wena uthi, "Ngabe iBhayibheli liyasho ngalokho na?" Yebo.

65 "Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha Amandla akho bewaphika." Abaphuphuthekile, abahamba-ze, abasontayo, benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha bephika Amandla kaMoya oNgcwele akhomba uJesu Kristu eZwini laKhe. Umuntu angazisho kanjani ukuthi unoMoya oNgcwele futhi aphike lona impela iZwi elinguMoya oNgcwele na? Umuntu angakwenza kanjani lokho na? Ubufakazi bakhe uqobo bunika ubufakazi ukuthi akasikho lokho afanele ukuba yikho, ephinga ngokomoya, ephika Amandla kaNkulunkulu. UPawulu wathi, kuTimothy wesiBili, isahluko 3, kuyobanjalo-ke, wathi, "Babe namawala, abakhukhumele!"

66 "Ngineziqu sobudokotela, iPh.D., iLL.D." Kimina, lokho kuqhelile kuNkulunkulu kunanjengoba wawunjalo ngenkathi uqala. Yebo, mnumzane. Lokho kuphela kukuthatha kukuqhelise kuNkulunkulu, akukulethi kuNkulunkulu. Yinye kuphela into engakusondeza kuNkulunkulu, futhi lowo nguMoya oNgcwele, ngeZwi laKhe.

67 UMoya oNgcwele uyinkombandlela. INkanyezi yaseNyakatho iyiZwi. Inkombandlela iyokhomba kuphela eNkanyezini yaseNyakatho. NoMoya oNgcwele uyonikhomba kuphela eZwini, hhayi enhlanganweni ethize yenkolo yobukristu, hhayi ihlelo elithize, kodwa eZwini likaNkulunkulu. Khumbulani, zonke ezinye izinkanyezi zigudluka kanye nezwe, kodwa iNkanyezi yaseNyakatho ihlala ngqo, ngoba isesenta. Futhi lonke elinye izwi lomunye umuntu liyohluleka, kodwa iZwi likaNkulunkulu angeke lehluleke. YiNkanyezi yeNyakatho, imi esenta, Ingeke yagudluka nezwe. Akunandaba ukuthi izwe likuphi, Lihlala liyilo izolo, namuhla, naphakade. Futhi UyiZwi!

68 Mfowethu nodadewethu, ngiyanincenga, eGameni likaJesu, ukuba nikunake Lokhu. Ningikholiwe kwengikushilo kuleminyaka. Uma uNkulunkulu efakazisile ukuthi engikushilo bekuyiQiniso, hhayi mina, bekuyiZwi laKhe elikwenzile, ngakho-ke ngiyanincenga, eGameni likaJesu, ukuba nikuhlole Lokhu. Ningabi zimpumputhe kulezizinto; kuphezu kwenu ngqo.

69 Futhi khumbulani, iBhayibheli lasho, kuMathewu 24:24, ukuthi, "bonke abamagama abo engalotshwanga eNcwadini yokuPhila yeWundlu, kusukela ekusekelweni komhlaba, bayoluthatha loluphawu. NgabaKhethiweyo kuphela, ogcotshelwe ukuLibona, ozoLibona. Abanye babo bazoLigeja ngamamayela ayisigidi.

70 Siyawubona lomnyakazo omkhulu omiswayo manje, umshini omkhulu kaSathane obekwa ngohlelo. Into kuphela oyidingayo yi. . . Usunazo izihambisi-mshini, ulindele kuphela amandla awo okuhambisa ukuba afakwe ngempoqo. Umnyakazo yilo lonke ibandla, umkhandlu omkhulu nento. Umshini omkhulu usuhlezi lapho, kodwa balindele ihora lapho isivalo sesehla, khona-ke sebengakwenza, futhi bakuphoqe, bakwenze umthetho. Bukani ukusakaza nezinto esizizwayo namhlanje, emsakazweni nasemaphephandabeni. Ngani, kuphezu kwenu ngqo manje.

71 Asinasikhathi sokungenzi lutho olunye kuphela ukwemukela uJesu Kristu. Ukhonjisiswe ngempela.

72 Lalelani, sisho ngomshini omkhulu kaSathane phezulu lapho, usulungele ukunyakaza, kunjalo, ukufihlizela phansi; kodwa, khumbulani, umhlambi omncane kaNkulunkulu ukholwa yiZwi, nezihambisi-mshini zawo sezilungele nazo. Usulungele Amandla okuhambisa ukuba awokhele ngomlilo kaMoya oNgcwele. "Ningesabi, mhlambi omncane, kuyintando enhle kaYihlo ukuninika uMbuso." UMoya oNgcwele uzokhipha iBandla elincane eliphume ezweni, abesifazane oyeka izinwele zibe-zinde, umNaziri, ukufakazisa ukuthi bazehlukanisile ne. . .

73 UmNaziri yi lowoo. . . Ini? Lowo ozehlukanisa bona, ngenxa yeZwi likaNkulunkulu; hhayi ukuba nezinwele ezimfishane, ubuso obupendiwe, oJezibele, bezibiza ngamaKristu; qhabo, mnumzane; owesilisa, oyintengentenge kangaka, oyomela ihlelo, futhi abambelelele emisileni yamabhantshi abo, uKesari othize noma uHerodi, esikhundleni sokumela iZwi likaNkulunkulu. Kodwa uNkulunkulu unabantu abathembekileyo, umhlambi wangokoqobo kaNkulunkulu, ongakhathali ukuthi izwe lithini. Bakholwa ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade.

74 Lokhu akuthandwa ngabantu. Kukwenza ungathandwa ngabantu, kodwa kuyiQiniso! Kungumyalo kaNkulunkulu ngakho ukuba kwenziwe, noNkulunkulu uzokwenza. UNkulunkulu anibusise. Angiqondile ukunithethisa, kodwa ukunexwayisa. Kungcono ukuhangulwa kunokushiswa, noma ngasiphi isikhathi, ngakho thathani isexwayiso. UMoya oNgcwele uyakhuluma kulolu izinsuku zokugcina.

75 Wonke olotshwe eNcwadini uyophunyuka kukho. Manje siyathola, umhlambi omncane usulungele Amandla okuhambisa ukuba aLifukule liye phezulu ezibhakabhakeni, ukuphunyuka kulokhu ukuhlupheka.

76 Omunye wathi, ngolunye usuku ngenkathi ngikhuluma, wathi, "Mfowethu Branham, awukholwa-ke ukuthi ibandla liyodlula ekuhlushweni na?"

77 Ngathi, “Ngikholwa ukuthi ibandla liyodlula, kodwa hhayi uMlobokazi.” Ibandla liyodlula ekuhlushweni, yebo, mnumzane, kodwa uMlobokazi ukhululekile kukho. Uyohamba angene oHlwithweni, ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso. Uyohlwithwa ukuba ahlangabeze iNkosi yakhe emoyeni, eya eSidlweni sakuSihlwa soMshado. Akanalutho azolwedlulela ekuhluphekeni; iNkosi yakhe iyikhokhile intengo. Siyabonga kakhulu ngalokho. Yebo, mnumzane.

78 Emva kokwenqatshwa, yikho kokubili ibandla nesizwe, kwabakhona ukumemeza okukodwa okufikayo, umnyakazo olandelayo, waba ngukuthi, “Lisuseni!”

79 Yilokho kukhala okulandelayo esinakho. Ibandla limlahle ngokugxilile uMoya oNgcwele. Siyazi likwenzile. O, amalunga liphume kukho konke, lolo wubizo olukhulu, iPresbyterian, iMethodisti, iBaptisti, iLuthela; kodwa ibandla, qobo lwalo, ihlelo, ngeke lanyakaza. Qhabo, mnumzane. Selivele lihleliwe. Yini into yalo ekhona manje na? “Ubethele! Ubethele!” Ini? Bebethela, kabusha, (ini?) iZwi eliqinisekisiweyo, ukuba libe liQiniso. IZwi likaNkulunkulu, balibethela, kabusha. Njengoba nje uEva wona lonke izwe lemvelo, ngokwenqaba elilodwa elincanyana leZwi likaNkulunkulu, kanjalo nebandla lenze into efanayo.

80 Ungahle uthi kimi, “Mfowethu Branham, uLihumusha ngokungesikho.” Awu, lokho kungumbono wakho.

81 UNkulunkulu akadingi-mhumushi. UNkulunkulu ungumhumushi waKhe Yena. Yileyo inkathazo yakho, namuhla, sinabaningi kakhulu abahumushi abenziwe ngumuntu. UNkulunkulu angahumusha, Yena qobo. ElaKhe liqinisekisiwe eleZwi laKhe lingukuhunyushwa.

82 AbaFarisi ngahle ukuba bamemeza kakhulu, nabo, “Sinakho ukuhumusha!” AbaSadusi uthi, “Sinakhoo!” Kodwa uJesu wayengukuhumusha. Amen.

83 Ukubonakaliswa kwamandla kaNkulunkulu embuliweyo, athenjisiweyo, kungukuqinisekiswa. Fundani imiBhalo futhi nibone ukuthi ibandla lifanele ukuba yini namuhla. Yebo, mnumzane. UNkulunkulu akadingi-mhumushi.

84 Yilokho abakwenze kuJesu. Bathola ukuthi, emuva lapho, ukuthi bacabanga ukuthi Wayengenakho ukuhumusha. Wayengukuhumusha. UNkulunkulu akadinganga ukuthi aLihumushe. Impilo kaJesu yahumusha. Wathi, “Hlolani imiBhalo, ngokuba nithi kuYo ninokuPhila okuPhakade; Yiyo Efakaza ngaMi. Futhi uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba wami, khona-ke ningaNgikholwa. Uma imisebenzi okwakhulunywa ngayo yalolusuku, Ingazibonakalisi kiMi,” Wathi, “khona-ke ningakukholwa.”

85 Ngabe Yakwenzao na? UNkulunkulu wathi, “Intombi iyokhulelwa,” futhi yakhulelwa! Niyakukholwa na?

[Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela; kodwa abazange. "Intombi iyokhulelwa," futhi yakhulelwa. Wathi, "Izishosha ziyohamba, izimpumputhe ziyobona," nokuthi kuyokwenzekani. Kwafakazisa ukuthi babezokwenza, noJesu wayengukubonakaliswa.

86 UMose wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu uyovusa umProfethi, onjengami." IZwi liza kumprofethi. Futhi, umprofethi, iZwi lehlulela imicabango yenhliziyo. Lapho beMbona enza lokho kwehlulela ngokubona okufihlakele, bathi, "Lona nguBelzabule, umbhuli." Alikho igama elalingaphezu kwalokho ukuba baliqhasele kuYe. Into efanayo namuhla, ubizwa ngo "mgingqiki ongcwele," noma yinto efana nalokho. Kunjalo.

87 Noma . . . Akadingi-kuhumusha. Wayengukuhumusha. UNkulunkulu wakufakazisa ngaYe uqobo. Ubani lowomuntu oyisoni namuhla, noma kwakungubani lowomuntu owayeyisoni ngalesosikhathi, owayengaphika ukuthi iZwi lahunuushwa na?

88 UJesu wababuza, wathi, "Hlolani imiBhalo. Iyafakaza ukuthi NginguBani. Ingukuhumusha. Uma impilo yaMi ingakuhumushi engikhuluma ngakho, khona-ke ningaNgikholwa."

89 Yimuphi umuntu oyisoni obengabakhona namuhla, obengabuka ebusweni beBhayibheli futhi abone uma iBhayibheli lingesuye umhumushi weZwi namuhla, Ezenza aziwe ngezibonakaliso zokwenza zezithembiso zeziphiwo, nezinto Athembisa ukuzenza ngalolusuku na? UMalaki 4 egcwaliseka, yonke eminye imiBhalo igcwaliseka, futhi sikubone khona lapha esikhathini sokuphela! Awudingi-muntu ukuba aLihumushe. Qhabo, mnumzane. LiYazihumusha. Liyafakazisa ukuthi LinguMlayezo wehora! Phendukani futhi niphendukele kuNkulunkulu, lonke izwe! Nina-mabandla, phendukani futhi niphendukele kuNkulunkulu! Ningazami ukuMhlamba ezandleni zenu, ngoba ngeke nikwenze. Inkulumo-mpikiswano isikhona njengamanje, njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi.

90 Wathi, "Hlolani imiBhalo; Ifakaza ngaMi." UJesu wathi, "Imisebenzi yaMi ingumhumushi waMi."

91 Watshela uMose, lapho Ehlangana naye phezulu lapho esihlahleni esivuthayo. Wathi, "NGINGUYE. Ngiyasikhumbula isithembiso saMi. Ngiyakukhumbula ukuthi Ngiyobakhipha labobantu, ngesandla esinamandla. Ngenza isithembiso, futhi Ngihamba nawe. Ngithuma wena. Wena nje yiba ngumlomo waMi, nezibonakaliso ziyohumusha noma Ngikuthumile noma qha." Amen.

92 Yilokho abesilisa nabesifazane abafanele bakufune namuhla, isithembiso solunye uphumo, nokuhumusha kweZwi likaNkulunkulu libonakaliswa.

93 Inkinga yilena, namuhla, bathi, "Awu, ibandla lami alikukholwa Lokhu." Yini indaba na? Uphila esithunzini somunye unyaka. Wona amabandla ayelungile onyakeni wawo, kodwa kanjani ngalonyaka na? Lona omunye unyaka.

94 Wawungeke umenze uWesley akholwe nguLuther, kwakungekho ukungcweliswa. Qhabo, mnumzane.

95 Wawungeke ulenze iPentecostali likholwe yiBaptisti, noma kanjalo, ubuyele kulokho. Bathola into engcono. Baphila ekukhanyeni kosuku lwabo.

96 Futhi, namuhla, iPentekoste ihlelile futhi yahlala phansi ngqo njengoba benza, kuyinto efanayo impela. NeZwi liqhubekela phambili, futhi Liqhela impela kubona. Kunjalo impela, ngoba sibalukhuni kakhulu futhi sibe yisitashi kakhulu. Siyekela amabandla ethu angene kunoma yiluphi uhlobo lwesimo, luqhubekele phambili ngqo. "Inqobo nje uma sithola amalunga, yilokho kuphela okusemqoka, ngoba sithole okungaphezu kwalokho esake saba nakho." Siyavunguzela ngalokho.

97 Ake nginitshele into eyisaga esidala, ukuthi, "Udeveli ubala isixuku sakhe, kodwa uNkulunkulu uyasikala esaKhe."

98 Lokho kuqinisile, futhi, nanamhlanje. UNkulunkulu ukukala ngeZwi laKhe, abone ukuthi ufunyanwa ulula noma qha. Angikhathali ngezixuku, ukuthi zingaki, ukuthi Alithandwa kangakanani abantu. YiZwi likaNkulunkulu libonakaliswa lalelihora. Kunjalo impela. Angikhathali ngezixuku, nokuthi ubani ozayo nokuthi ubani ongezi. YiZwi likaNkulunkulu elisengozini, njengoba kwakunjalo lapho ehholo yokwahlulela kaPilatu. SiLikale, futhi sibone ukuthi yini esiyitholile, lapho esifunyanwa khona silula. Yebo, mnumzane. Siyakholwa ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade.

99 Sithola ukuthi Watshela uMose ukuthi, "Ngiyakuba nawe, futhi nje Ngizosebenzisa umlomo wakho. Wena hamba ukhulume amazwi njengoba Ngikutshela, nezibonakaliso zizozihumushela zona."

100 Niyabo, uNkulunkulu akadingi-mhumushi. O, qhabo, akafanele abe ngumhumushi. Ukuhumusha kukaNkulunkulu kufakazela Yena uqobo. Wathi Wayengumhumushi weZwi laKhe uQobo, futhi Unguye. Wakwenza, ngoMose, futhi Uyakwenza namuhla. SiyaMazi, eBhayibhelini, njengoElohim. *Elohim* ngo "Wanele konke." Akadingi-seluleko samuntu. Umi yedwa. UnguNkulunkulu, futhi UyiZwi. Futhi uma iZwi lethembisa okuthize, futhi Likwenze kukhonjwe phambi kwenu, nhloboni yokuhumusha eniyifunayo ngaphandle kwalokho na?

101 O, silisa oyisoni noma owesifazane, ungubani wena ongasukuma bese uthi Kuyiphutha na? Lapho uNkulunkulu, noMoya oNgcwele waKhe neZwi elethenjisiwe, uyaLihumusha

ebusweni bethu sonke, singobani thina ukuba sithi lokho kuyiphutha na? O, muntu oyisoni, ungakwenza kanjani lokho na? "'Soni,' usho ukuthini ngalokho, Mfowethu Branham na?" Ukungakholwa! Sinye kuphela isono, lokho ngukungakholwa. Akudingi kuhumusha komuntu okuwubuthutha!

102 Uzihumushela okungokwaKhe uQobo. "NgiyiNkosi," Wathi, "NgaYitshala; NgiyoYinisela, ubusuku nemini, funa omunye aYihlwithe esandleni saMi." Wathi futhi, komunye umBhalo, ukuthi, "Uyaliqaphela iZwi laKhe, ukuLisebenza." *UkuLenza*, ukuLe "mbula" kwa (kuphi?) baKhethiweyo baKhe, kulabo elithunyelwe ukuba balibone, othunyelwe ukuba aLibone, njalo. UyaLenza kulabo abathunyelwe ukuba babone, ukuba baLibone.

103 UyaLiqaphela, uyaLidedisa kukho konke lokhu ukuhumusha kwengqondo okuwubuwula, lezizinto, ukuthi, "*Lokhu* kuqinisile, na*lokho* kuqinisile, na*lokho* kuqinisile." UNkulunkulu uqinisile, umuntu okhonjwe nguNkulunkulu!

104 Bonke labobaFarisi babengasukuma, bathi, "SingababakaNkulunkulu! Sinemithetho. Sina*lokhu*." Futhi nakho kumi iZwi, qobo Lwalo. Bathi, "AsiLifuni! Libethele! Alizibandakanyi lona uQobo nalokho esikukholwayo."

105 Kodwa Liyazibandakanya lona uQobo kanye neZwi. Amen. Labo ababenamehlo okubona, baLibona. Labo ababephuphuthekile abaLibonanga.

106 Kanjalo ngeke bakwenze namuhla. Yilokho kuphela. Bayahamba, sebevele bazivalele bona ngophawu, abaningi babo, baqhela kuLo.

O, yebo, ngokuLigcwalisa, Likhonjiswa ukuthi liqinisile!

107 Abanye bathi, "Ngikholwa oku*ngaka* kwaLo. Mfowethu Branham, ngingalikholwa iBhayibheli. Ngiyezwelana neBhayibheli. Ngingozwelanayo neBhayibheli. Ngiyamkholwa us'bani-bani. Ngiyamkholwa uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Kodwa nje angikwazi ukukukholwa konke okwaLo, ngoba ihlelo lami lithi Akunjalo."

108 Manje-ke nhloboni yomhumushi onayo na? Uhlobo olufanayo uEva ayenalo, udeveli. Wazama ukuhumusha iZwi kuEva, futhi wathi, "O, *lokhu* kuqinisile, na*lokho* kuqinisile, kodwa ngempela . . ." Ngempela, kuqinisile! Okushiwo nguNkulunkulu, Kuqinisile! Angikhathali ukuthi Kubonakala kunjani kwabanye. Uma uNkulunkulu ethe kuzokwenzeka, kuzoba ngaleyondlela. Beningasebenzisa umhumushi kaEva na? O, muntu oyisoni, ubungakwenza kanjani lokho na? Yebo, mnumzane. Babethole umhumushi kaEva.

109 Ubufakazi, njengoba ngasho ngolunye usuku, sizama ukubeka ubufakazi. ULuther wathi, "Kholwa, bese uphume uhambe." Udeveli uyakholwa, naye. UWesley wathi, "Memeza,

usunaWo-ke," kodwa wathola ukuthi wayengenawo. IPentekoste lathi, "Khuluma ngezilimi, usunaWo-ke." Babengenawo. ISayense yamaKristu yathi, "Thanda, unesithelo sikaMoya," kodwa abanawo. Baphika ubuNkulunkulu bukaJesu Kristu.

110 Yini ubufakazi baWo na? Uma lowomoya okuwe ungagcizelela sonke isithembiso ngo amen, noNkulunkulu uzosiqinisa. Yileyondlela impela okwakungayo ngoJesu Kristu. O, yebo. Babenaso, babenezithelo eziningi ngokwedlulele zikamoya, babenazo zonke izinhlobo zobufakazi. Ungeke wabophela noma yibuphi ubufakazi kunoma yini ngaphandle kukaNkulunkulu uqobo lwaKhe ebonakalisa iZwi laKhe. Yilobo bufakazi kuphela beqiniso obukhona bokuthi ungumKristu. Ungaba kanjani ngumKristu nxa . . .

111 "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. NoLizwi waba-yinyama wakha phakathi kwethu. Onguye izolo, namuhla, naphakade!" WayenguNkulunkulu ofanayo owayekuDavide. Wayenguye Lowo ofanayo owayekuMose. Wayenguye Lowo ofanayo owayekubo bonke abaphostoli. Futhi unguye Lowo ofanayo owayekuJesu Kristu, ukuZibonakalisa lapho ngaleloZwi elethenjisiweyo. Futhi UnguNkulunkulu ofanayo namuhla, iZwi elifanayo, ephosa ukuKhanya phezu kweZwi lehora. Nkulunkulu sihawukele! Yebo, mnumzane. Sikholwa uNkulunkulu ukuba Azihumushe, lonke iZwi ukuba liqinisekiswe! Yebo, Ungumhumushi waKhe Yena.

112 Mfowethu, ngicabanga ngehora! Bengingahlala kulokhu isikhathi eside, kodwa ninomhlangano ozayo. Ngiyakholwa, futhi ngizosho, namuhla; uma singabhekisisi, Usezandleni zethu thina maMelika. Kucabangeni. Ngikusho lokhu hhayi ngokuthukuthela; ngikusho lokhu ngokuKhanya. Ngithi iGazi likaJesu Kristu lisesandleni sebandla laseMelika namuhla. IGazi likaJesu Kristu liphezu kweMelika, yonke. IGazi likaJesu Kristu limelene neMethodisti, iPresbyterian, iLuthela, amaPentecostal. Lisezandleni zethu sonke. Ake sibone ukuthi likhona manje. Kucabangeni, iGazi likaJesu Kristu! O, he!

113 Futhi njengoPilatu ngalolosuku, kungikhumbuza ngezindlela ezintathu uPilatu azama ngazo ukuLisusa esandleni sakhe. Wazizama zonke izindlela ezintathu ukuLisusa esandleni sakhe, kodwa wehluleka. Yinye kuphela indlela oLisusa ngayo esandleni sakho. Ake sibone ukuthi wenzani. UPilatu wazama lezizindlela ezintathu, futhi zehluleka zonke.

114 Sifanele sibhekane nenkulumo-mpikiswano. Siyazi ukuthi ilapha, ngokuba iZwi laKhe likhonjwe ngubufakazi bomBhalo. IZwi elethenjiselwe usuku lenziwa inyama, ngisho nasengxenyeni embi yokwenqaba uJesu Kristu; futhi Yena, kuloNyaka waseLawodikeya, ngaphandle kwebandla. Siyazi ukuthi lelo yiQiniso. Kucabange, iGazi likaJesu Kristu,

iNdodana kaNkulunkulu, Iisezandleni zethu. Nina . . . Lokho kuyangethusa, ukucabanga ngakho. Ukugijima badabule kuYe, kubanga amakhaza, ukucabanga, iGazi likaJesu Kristu!

115 Lapho, umuntu ezobuka igazi lomuntu ongumfowakhe impela. Ngesinye isikhathi eChicago, esikhathini esingeside esedlule, umngane wami wayemi lapho ngenkathi omunye we—wezimpahla zeDillinger, kumbe noma kwakuyini, wadutshulwa walahlwa phansi emgwaqeni. Abantu babekade bebuthene enhla, ngamakhulu, futhi bama bazungeza yonke indawo. Kodwa, bona, benzani na? Lapho lelogazi elasaphazeka phandle emgwaqeni, naleyombobo yenhlamvu, wonke umuntu wayehamba ezungeza lelogazi. Babengenakulinyathela igazi lomuntu ongumfowakubo. O, qhabo, mnumzane. Banezinsolo kakhulu ngalokho.

116 Kodwa bayohamba badabule kulo iGazi likaJesu Kristu. Lesisisho esidala sisaqinisile, "Iziwula ziyohamba ngezicathulo ezinezipikili ezihlabayo lapho iziNgelosi ezesabayo ukunyathela khona." Kunjalo, iyohamba phezu kwaLo ngqo, zithi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Kwakulungile kubaphostoli, kodwa hhayi thina." O, he, ningakusho kanjani na? Nigxoba ngonyawo iGazi likaJesu Kristu enangcweliswa ngalo! O, he, cabangani ngeGazi lisezandleni zethu!

117 Ini, igazi lomuntu ongumfo. Ngicabanga kudala, emavikini ambalwa edlule, ngenkathi sicabanga ukuthi kwakungeke kwenzeke esizweni sakithi. Nithini ngalomfo, uOswald na? Ehlezi lapho kulelogumbi, ejuluka, uma ephilile engqondweni.

118 Futhi ngicabanga ngomuntu obeyolalela leteyipu, noma ohlezi khona lapha, noma yikuphi, futhi alalele uMlayezo, ewuvumela; ewujulukela, azi ukuthi nifanele nize ekwahlulelweni futhi niphendule eZwini likaNkulunkulu, baphendule eGazini likaJesu Kristu, enethulwe kulo, ezandleni zenu, ezandleni zethu.

119 Qaphelani uOswald ehlezi lapho, into embi kangaka pho eyayifanele . . . ukuba kuye, noma eyayizoba kuye, kumbe ngiqagele yaba njalo, lapho ecabanga ukuthi wayezobhekana neNkantolo eNkulu yamajaji ethukuthele nokuthukuthela kokubulala ngamabomu uMengameli wabo. Kwakungebebikho-sihawu. Noma yibuphi ubufakazi obubonakalayo ababengabuthola obuphikisana naye, babuyomkinatela. Amanyatheliso eminwe, isibhamu, indawo aye kuyo, konke kwakuyolethwa phambi kwakhe.

120 Lokho kuyinto epholile kunalokho okuzoba yikho kubantu abahlala kulemihlangano futhi bambuka uJesu Kristu evuka esimweni sokuba nguMuntu kwaKhe, futhi ezikhomba Yena, futhi niphuma ningaMemukelanga, nibambelele esivumwenikholo esincane esithize, noma yinto ethize eniyibiza ngokuthi kuncinyane. Lokho kuyoba yinto epholile, lapho

senihlezi eBukhoneni bukaNkulunkulu othukuthele, onyathele i . . . wena onyathele iGazi leNdodana yaKhe uQobo, futhi waYibethela kabusha engqondweni yakho, washintshanisa ubuzibulo bakho ngokuthandwa ngabantu. Kuzoba yinto embi kakhulu ngalolosuku. Kuyoba ngumcabango owesabekayo. Ungahlala kanjani kulelogumbi elijulukisayo na?

121 Nina bomdabu eAfrika, nina eAustralia, eSweden, eSwitzerland, nizoyilalela leteyipu, nizophendula kanjani ngoSuku lokwaHlulelwa, lapho kade ngisezizweni zakini futhi nikubonile ukukhonjwa kukaJesu Kristu evuka phakathi kwabantu, futhi Ezifakazela na?.

122 Ukujuluka, he, ufanele ukuthi kwamjulukisa! O, wayengakwenza kanjani ukuba wayephilile engqondweni yakhe na?

123 Hlobo luni lukaNkulunkulu othukuthele ocabanga ukuthi luyoba yilo kulabo abagxobe ngonyawo iNdodana kaNkulunkulu, futhi baYibethela kabusha, futhi na?

124 Qaphelani, umshayeli wendiza, uma eselungiselela ukuphakamisa indiza. Umshayeli wendiza uyoyikhipha indiza, uyohlola yonke into ngaphambi kokuba asuke, onke amathuluzi. Uyophumela emgwaqeni wezindiza, futhi ame athi qekelele lapho futhi ahlole lawomachopho amaphiko, ahlole izivalo zegesi. Yonke into, onke amathuluzi anawo, uyayihlola aphinde aphinde. Abaningi benu uke wandiza ngezindiza, futhi niyazi ukuthi lelo yiqiniso. Uhlola onke amathuluzi. Ngani na? Unegazi lomfowabo ezandleni zakhe. Ufuna ukuqiniseka ukuthi yonke into enokwenzeka ihamba kahle.

125 Kuthiwani-ke ngodokotela ekuhlinzweni, lapho azi ukuthi uzohlinza, athathe ithumba noma inhliziyo, noma okunye okuthize, futhi akuhlinze na? Lapho ezohlinza emzimbeni wakho, uyohlola inhliziyo yakho, uyohlola ukushaya kwakho kwegazi, uyohlola ukuthi ngabe unawo yini umkhuhlane, uyohlola imithi yokuqeda ukuzwa emzimbeni. Uhlola yonke into, abuy'aphinde, abuy'aphinde, futhi. Ngani na? Akafuni igazi lomfo wakubo libe phezu kwezandla zakhe.

126 Futhi uma udokotela noma umshayeli wendiza, nokunjalo, uyohlola, belifanele lenze kanjani iBandla likaJesu Kristu, lapho sibona izinto esiphila kuzo namuhla na? Besifanele sihlole. IGazi likaJesu Kristu belingahle lishiywe phezu kwezandla zethu.

127 Manje asithathe into eyodwa, icebo lokuqala likaPilatu, lalingukuthi, "Angifumani-cala kuYe."

128 Kunjani lokho phakathi kwamaningi amaqembu amahle namuhla! "Angifumani-cala eZwini. Lilungile, kodwa lokho kwakungokwabaphostoli." IBhayibheli lathi Unguye izolo, namuhla, naphakade! Wena uthi, "IBhayibheli lilungile. Ngiyakholwa ukuthi bakhuluma ngezilimi; ngiyakholwa ukuthi bakhipha amademoni; ngiyakholwa ukuthi behlulela

imicabango; ngiyakholwa ukuthi kwakukhona abaprofethi; kodwa hhayi ngalolusuku." O, mnumzane, muntu oyisoni, yini indaba ngawe na? Kwenzekani uma uMathewu 28. . .24:24, ebekwa abuye ngqo na? AmaHeberu 13:8 undize abuyele ngqo emathangeni akho futhi.

129 UPilatu, akakwazanga ukuLihlamba ezandleni zaKhe kanjalo. Qhabo, mnumzane, Libuyela ngqo emathangeni akhe futhi. Kuzoba njalo kuwo wonke umuntu, lapho nimile futhi nambona uNkulunkulu egcina isithembiso saKhe.

130 UPetru wathi, ngoSuku lwePentekoste, "Phendukani, yilowo nalowo wenu, futhi abhaphathizwe eGameni leNkosi uJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono, khona niyakwamukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, esabo bonke abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza."

131 Abakude kangakanani na? "Kulolonke izwe, kuzozonke izizwe." Kwathi Laliya kuzozonke izizwe. "Hambani niye ezweni lonke." Alikafinyeleli lapho okwamanje. "Nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

132 Uzokugeza kanjani lokho ukususe ezandleni zaKho na? Ungeke ukwenze. Kungokuqinisekisiweyo, futhi kwaphoswa ngqo kwabuyela emathangeni enu. Kuqhuma ngemuva, njengoba nje kwenza kuPilatu. O, yebo, mnumzane, kubuyela ngqo kini futhi, uma nibona umBhalo ukhonjwa phambi kwenu ngqo.

133 Okwesibili, njengoba sesivala. Okwesibili, sithola ukuthi, kwakukhona enye indlela njengoba uPilathu azama ukuyenza, wenza kanjalo abantu namuhla, ukwedlulisela kokukaHerodi nokukaKesari. Abaningi abefundisi namuhla abahle, iEpiscopalian, iPresbyterian, iLuthela, iBaptisti, amaPentecostal, nokunjalo, bayoLedlulisa. "Ikomkhulu lami yilona elingeke langivumela ngikwenze." Kwaqhuma ngemuva. Kuqhuma ngemuva futhi namhlanje.

134 Angibuzi yona iAssemblies of God, iOneness, ichurch of God, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian. Ngibuza wena, njengomuntu ngamunye, wenzani ngeGazi likaJesu Kristu na? Sizolenzenjani leliZwi likaNkulunkulu eligcotshiweyo eliphambi kwethu ngqo namuhla, esaziyo ukuthi lizoba khona, linguKristu, isithembiso sehora na? Nizokwenzenjani ngaLo na? Hhayi ukuthi ibandla lenu lenzani ngaLo. UKesari wenu noHerodi wenu akahlanganise lutho nakho. Lokho akuzange kumxolele uPilatu. Qhabo, mnumzane. Qhabo, mnumzane.

135 Labo baFarisi kusukela ngalolosuku, bathi, "IGazi laKhe malibe phezu kwethu, nakubantwana bethu." Kuyikho. Kunjalo impela.

136 Wabatshela, uJesu, ukuthini na? "Niyakwazi ukukuchaza ukuma kwezulu, kepha izibonakaliso zezikhathi aniziqondi."

137 Futhi, o, angikusho lokhu ngePhoenix, kodwa ngikusholo inoma yikuphi okufuna ukuya khona. Nina baFarisi abayizimpumputhe! Ningakwenza kanjani, nichitha izigidi zamadola, niyakwazi ukuhlukanisa ubukhomanisi; kodwa iZwi likaNkulunkulu, eliqinisekiselwe ihora, anikwazi ukulihlukanisa na? NiyaLibethela futhi. Nazi konke ngobukhomanisi; uma benilazi iBhayibheli lenu, beniyoyazi into ezokwenzeka. Lokho akungihlabi-mxhwele. Ngiyabuzonda ubukhomanisi. Ngizonda noma yini ephambene noNkulunkulu. Kodwa okwami okungihlaba umxhwele yilokhu, iBandla lilungiselela lelihora, kokuhamba koMlobokazi.

138 "Nichaza ukuma kwezulu, kodwa izibonakaliso zezikhathi aniziqondi."

139 Futhi ekuthethweni kwecala laKhe namhlanje, kusezinkantolo zeNhlangano yamazwe ukwenza loMkhandlu wamaBandla, nayo yonke into. Niyakwazi ukwehlukanisa ubukhomanisi nazozonke lezizinto abashumayeli abashumayela ngazo; futhi nihambe ngqo phezu kwezibonakaliso zesikhathi, futhi niLibiza nge "ntshisekelo eyeqile," niLibiza ngo "kufunda umcabango ngengqondo," noma yinto efana nalokho, futhi basuke bahambe, futhi benqabela nabantu babo ukuba beze ngisho nokuthi baLizwe. Uma umlando ungaziphindanga, mina, igama lami alisuye uWilliam Branham. Kunjalo impela. Kuzokwenzekani na? Kuphosa iGazi likaJesu Kristu libuyele ngqo ezandleni zenu, futhi niWubiza ngo "moya omubi," njengoba benza ngaleyonkathi.

140 Umhlaba wonke jikelele! Ngiqagele niyazi ukuthi bengichaza ukuthini ngalesosikhathi. Ndawo zonke! Nangenqabelelani, eSwitzerland na? Nakwenzelani, eFinland na? IGazi lizoba phezu kwezandla zenu ngqo. Lokho kuphezu kwenu. Hhayi mina, anizange nenqane mina; nenqabe Yena, hhayi mina, ngoba nathi, "Angikholwa yinto *enje*." IZwi lithi lisho into enjalo! Nakho lapho okhona. AbaFarisi abayizimpumputhe, bayakwazi ukuhlukanisa ubukhomanisi, behlukanise zonke lezizinto, kodwa, ihora abaphila kulo, abakwazi ukulehlukanisa. Kunjalo impela.

141 Manje sekuzofika e (he!) mgomweni wakho wokugcina futhi. Ihora eliyingcindezi selilapha futhi. Yini na? "Mbethele! Sizokwenza . . . Ngeke sabenza bonke babe yiMethodisti; ngeke sabenza bonke babe yiBaptisti; ngeke sabenza bonke babeyiOneness; ngeke sabenza bonke babe abakaMthathu-emunye; ngeke sabenza bonke babe yi*lokhu*, *lokho*, noma oku*nye*; kodwa singaba nomkhandlu." Kuphi, niphikisana njengokwehlukana kweMpumalanga neNtshonalanga, nento

yonke iyiphutha. Ungumzimbanyana oncike kwiRoma. Kunjalo impela.

142 Manje, njengomuntu ngamunye, ngizonibuza. Nizolenzenjani leliZwi eligcotshiweyo elinguKristu, iZwi elethenjiswa lolusuku na? Nina, njengomuntu ngamunye na?

143 UPilatu akazange neze aLisuse ezandleni zakhe. Niyakwazi lokho. Wamemeza kakhulu, wakhala, nawo onke amacebo ayengawenza. Wehluleka ukukwenza. Kukhona inganekwane enhla eSwitzerland lapho, lapho igre-. . . amanzi aluhlaza-s'bhakabhaka okugezwa khona ubuso nezandla, lapho azibulala khona. Niyawazi umlando wakho. Ekugcineni kwamhlanyisa, futhi wazibulala. Akaphendukanga ngani na? Wayengeke aphenduke, kanjengoba noEsawu engaphendukanga. Wayekwenzile! Ningakuvumeli lokho kwenzeke kini.

144 Usezandleni zenu. Imisebenzi seyenziwe, iBhayibheli liyashunyayelwa, uMoya oNgcwele usuLikhombile. Noma yimuphi umuntu oyisoni, ungalokothi uthi Awunjalo, uMoya oNgcwele kulolu izinsuku zokugcina! NamaZwi elikhulunyiwe, kwathiwa Liyofezeka, futhi nanti Lilapha phambi kwethu impela.

145 Ningazami ukukwenza. Ningasivumeli isiphetho senu sibe njengesikaPilatu. Qhabo. Wayefanele aMemukele enhliziyweni yakhe. Yileyondlela kuphela eningaMsusa ngayo ezandleni zenu, ngukuMthatha nimfake enhliziyweni yenu. O, ningalenzi lelophutha elifanayo.

146 Lalelani, amaHeberu 10 isho lokhu, "Uma sona ngamabomu," singakholwa ngamabomu, "emva kokuba sesemukele ukwazi kweQiniso, akusekho umnikelo ngesono." Uma wona ngamabomu emva kokuba usuLikhonjisiwe, bese-ke uyalenqaba, awunayo nhlobo ishansi yokuba uke uphenduke.

147 Umzuzu nje, nginenothi lapha ngifuna ukuninikeza lona ngaphambi kokuvala.

148 Njengezinhloli zisendleleni eya ezweni lesithembiso. Zazisophumweni, ziphuma eGibhithe, ziphuma ngeZwi lesithembiso sikaNkulunkulu. UNkulunkulu wenza iZwi laKhe laziwe ngomprofethi, uMose, wamthumela ezansi lapho. Wakhonjwa ukuthi WayenguNkulunkulu ukuba amkhiphe phansi kwezimo Ayemethembise zona, u "NGINGUYE."

149 Ngenkathi befika ezweni elisemnceleni, eKadeshi-barineya, iphutha elikhulu abalenzayo, ngenkathi befika ezweni futhi babuka ngale ezweni lesithembiso, bathi, "Asikwazi ukulithatha." Babeyini abanye abayishumi na? Babuka izici, isithunzi ababezolahlekelwa yiso. "Siyizintethe, ngasohlangothini lwabo."

150 Kodwa uJoshuwa noKalebi bahlolisisa. Babuyela eZwini, neNkosi yathi, "Ngininika lelizwe! Liyizwe elihle, lichichima

ubisi nezinyosi." Ababalanga ukuthi lalibukeka kanjani, ukuthi *lokhu* kwakunjani, nokuthi *lobu* ubufakazi babunjani. IZwi likaNkulunkulu lathi, "Ngininika lona! Hambani nilithathe!" Futhi kwaba yibo kuphela abangenayo.

151 O, asihlole izithembiso zikaNkulunkulu zanamhlanje. Kunjalo. Khumbulani, sesikolunye uphumo, isikhathi; uphumo, lesisikhathi, hhayi ezweni lesithembiso lasemhlabeni, kodwa eZweni lesithembiso leNkazimulo, lapho kungasekho ukubuyela emuva. Udumo kuNkulunkulu, sizoba lapho! [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Nizokwenza, sisakhothamisa amakhanda ethu na?

152 Ngizobuza lombuzo ngenkathi wonke owesilisa nowesifazane esathule. Nizomenzenjani loJesu othiwa uKristu na? NizoMemukela na? NizoMthatha njengoMsindisi wenu na? Nizoba yi . . . Noma, nizoMhlamba nimsuse ezandleni zenu na? Nizozama ukwedlulisa, "awu, isivumokholo sami—sami asikusho Lokhu," noma, "ihlelo lami aLikukholwa kanjalo nje"? Lisezandleni zenu ngqo. Ngeke nadeda kuLo. Nizomenzenjani uJesu othiwa uKristu na? IGazi laKhe lisezandleni zenu, selokhu kube yileliviki emhlanganweni.

Asikhuleke.

153 Nkosi Jesu, sisize manje nje kulelihora. Makuthi umusa waKho nesihawu kube nathi. Makuthi lelibandla libone, Nkosi, ukuthi Wena UnguNkulunkulu, futhi akekho omunye ngaphandle kwaKho. Makuthi Amandla kaNkulunkulu manje, iZwi, Lizikhombe lona, kulababantu, ukuze kwazeke ukuthi Wena unguNkulunkulu, futhi ngikhulume iQiniso, Nkosi. Ngikwenzile, lokhu, ngokuyala kwaKho; njengoba uElija asho esikhathini eside esedlula, "Ngikwenzile konke lokhu ngokuyala kwaKho." Siphe khona, Nkosi, ukuthi lokho kuzoba njalo, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Manje amakhanda enu ekhotheme, nonke.

154 UMoya oNgcwele uvele wangimisa nje, emizuzwini embalwa edlule, ngenkathi ngiqala ukukhuleka. Uthe, "Kukhona abanye lapha abangakakwazi lokho namanje." Kwangathi uNkulunkulu waseZulwini anganishiya ningenalutho, kwangathi AngaLiphosa libuyele emathangeni enu namhlanje, ke.

155 Nina bantu enigulayo olapha. Angikaze ngikwenze lokhu emhlanganweni woSomaBhizinisi. Nina bantu abagulayo lapha, enikholwa nguNkulunkulu, futhi ngikholwa ukuthi ninokukholwa kokuthinta ingubo yaKhe. Futhi, khumbulani, iBhayibheli lathi, kumaHeberu 4, "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi-zombili, lahlulela imicabango osenhliziyweni." Sonke siyakwazi lokho. NiyaLikholwa na? Nizokhuleka na?

156 Makungabikho-muntu onyakazayo kusukela manje kuqhubeke. Wonke umuntu makahloniphe ngempela, athule ngempela, athule ngempela. Khulekani. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele manje ungasiholela ekutheni asenzeni nokuthi sithini, ngokuba lelihora elibucayi selilapha manje limelene nathi.

157 Nkosi Jesu, kusezandleni zaKho. Ngisezandleni zaKho. Ngizinikela kuWe. Liphose libuyele emathangeni abo, Nkosi, Libeke libuyele emuva ngqo. Impela, uMoya oNgcwele waKho uyangitshela lapha ukuthi yikuphi okulungile nokungalungile. Futhi ngiyazi leteyipu izohlangana nabaningi ngaphandle lapho, futhi ngiyakhuleka ukuthi Uzokwenza kwaziwe namhlanje ukuthi Ngibatshele iQiniso, futhi ngithunyelelwe lokhu, njengoba Washo emfuleni ngalesosikhathi ngenkathi leyoNgelosi yeNkosi ima lapho kuleyoNsika yoMlilo. Makwazeke namhlanje ukuthi ngikhulume iQiniso, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

158 Phakamisani amakhanda enu manje. Bhekani ngapha, futhi ningangabazi. Nkulunkulu uSomandla yiba ngumahluleli wethu.

159 Ngenkathi uJesu Kristu ema lapha emhlabeni! Ngenkathi Efa, Waphilisa abagulayo, Wasindisa abalahlekileyo. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kodwa ngenkathi Elapha, bazi kanjani ukuthi Wayekhona, ngoba WayeyiZwi. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisile na? [“Amen.”] WayeyiZwi, neZwi lehlulela imicabango osenhliziyweni. Kunjalo na? [“Amen.”]

160 Angikwazi ukubona umuntu kulendlu, ngalesisikhathi, engimaziyo, ngaphandle kwalababefundisi, nokunjalo, ngemuva lapha.

161 Noma, mhlawumbe uMfowethu Roberts ukhona, ngizomcela nje aqale umugqa womkhuleko. Ngabe uMfowethu Roberts ungemuva phakathi lapho na? [Omunye uthi, “Qhabo.”—Umhl.] Akekho lapha. Kulungile.

162 Inkonzo yami izokwenza ngalesisikhathi. Nginiphosela inselelo, eGameni likaJesu Kristu, ukuba ningikholwe, ukuthi ngikhulume iQiniso ngeZwi, futhi ngikholwa ukuthi engikushilo kuyiQiniso. Nizokwenza na? [Ibandla lithi, “Amen.”—]

Makube njalo, Nkosi, makube njalo.

163 Kukhona indoda ehlezi khona lapha. Ngifuna ukuba uphendule amehlo akho; awukuboni lokhuya kuKhanya okulenga laphaya? Kukhona indoda ehlezi lapho, engibukayo, ikhuleka. Iphethwe yinkathazo yephaphu, nobuthakathaka. Ungakugeji, mnumzane. Mnu. Carr, sukuma wemukele ukuphiliswa kwakho. UJesu Kristu uyakuphilisa. Angikaze ngiyibone indoda, empilweni yami.

164 Kukhona indoda esemva kwalapho, kuhle kakhulu, ibikhuleka nayo. Kodwa yini indaba ngaleyondoda, leyondoda lapho ikhathazwa yiso. Inesimila ngakwesokudla sayo. Igama layo nguMnu. Bartlett. Uyakholwa! Ngabe kunjalo, mnumzane na? Ngabe ngiyisihambi kuwe na? Vayizela ngesandla sakho; sonke siyizihambi. Kunjalo. UNkulunkulu akubusise. Kholwa, uzophiliswa.

Uyakholwa! [UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane—Umhl.]

165 Umtshelele ukwenzani lokho na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, mnumzane na? Yebo, mnumzane. Uphethwe ukuphatheka kabi emoyeni, ukuphatheka kabi okuncane ebhizinisini nezinto. Kunjalo. Kunjalo. Mnu. Carlson, uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke ukuthi uJesu uzokuqondisela khona na? Yigama lakho lelo na? Yindawo yakho na? Kulungile, usungabanakho okucelile. Amen.

166 Omunye nga*pha* uyaLikholwa, amen, omunye onokukholwa kukaMoya oNgcwele kwangoqobo.

167 Nkk. Waldroff, ngiyakubona lokho. Mina, ngiyakwazi. Qhabo, akusikho okwakho. Okwaleyangane, naleyongane iyindodana engumzukulu kamzukulu wakho. Angikaze ngiyibone, empilweni yami. Lelo yiqiniso. Ingane iguliswa yiso libangwa ukugula eyayinakho. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Uyakholwa!

168 Nenekazi, ugula kakhulu. Unokwethuka kwemizwa, ukhathazwa yisisu, cishe impela ngokwehluleka kwemizwa ukwenza imisibebenzi yayo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? Mary, kholwa ngenhliziyo yakho yonke, noJesu Kristu uzokunika isifiso sakho.

Usemathangeni enu!

169 Nanti inenekazi elincane lihlezi lapha, likhuleka, lingibuka ngqo, ikhanda libheke phansi. Sukuma ungibuke. Umuntu olungileyo. Awusuye owalapha. Usuka kude kunalapha, eNew York. Kodwa uma uzokholwa ukuthi uJesu Kristu uyakusindisa, Uzokupha umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Uyakukholwa lokho na? Nkk. Bryan waseNew York, kholwa ngenhliziyo yakho yonke, futhi ungawemukela uMoya oNgcwele khona manje.

170 Lisemathangeni enu, bangane! NiyaLikholwa, iZwi Lizibonakalisa lona na? Niyamkholwa uJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade na? Angibazi lababantu. UNkulunkulu unguMahluleli wami, angibazi lababantu. UJesu Kristu uyabazi. Nizolenzenjani leliZwi eligcotshiweyo, njengoba Athi, "Njengokuba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu"? Uma lengxenye iqinisile, uMlayezo enguwushumayelayo uqinisile. NguMoya oNgcwele, qobo Lwawo, uzenzela ukuhumusha kwaWo uQobo,

ukuthi Uqinisile. Amen. Kholwani ngenhliziyo yenu yonke! Nizokwenza na?

171 Manini ngezinyawo zenu-ke futhi niLemukele, eGameni likaJesu Kristu.

172 UMoya oNgcwele uselapha, ngifuna ukubeka izandla phezu kwalamaduku lapha. Asiphakamisele izandla zethu kuKristu.

173 Nkosi Jesu, siyaKukholwa. Siyazi ukuthi Wena uyiQiniso, ukuKhanya, iZwi. Ngibeka izandla zami phezu kwalamaduku. Ngiyakhuleka, Nkosi Jesu, ukuthi amandla aKho azojikeleza kulendlu nakulamaduku, phezu kwalamabhantshi amancane nezembatho. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele ungafika ube phezu kwazo, Nkosi. Siphe khona. Futhi kwangathi bangaphiliswa, bonke, ngokuba iZwi laKho liyiQiniso. Siphe khona, Nkosi.

174 Manje kuwowonke umuntu ebandleni, nizomenzenjani loJesu othiwa uKristu na? Lisesandleni sakho. Ungavumeli abantu bakutshele . . . Ngiqonde abantu kuleteyipu, abantu ngaphandle lapha ezethamelini, nizoyenzenjani namhlanje na? AniMamukeli ngani, wonke owesilisa ogulayo phakathi lapha na? Wonke owesilisa ongabazayo phakathi lapha, wonke owesifazane ongabazayo, aniMamukeli ngani njengoMsindisi wenu na? Anisoze naMhlamba nimsuse esandleni senu. Isivumokholo senu asisoze saMsusa. Akukho-Nsipho esetshenziselwa ukuhlamba izingubo ezweni yokuLisusa. Yinto eyodwa kuphela into eningayenza, Mfakeni enhliziyweni yenu! Amen. NizoLemukela na? Phakamisani izandla zenu, manje-ke. Bese nithi . . . Mnikeni udumo nenkazimulo.

175 Baba waseZulwini, bangabaKho. IZwi laKho selikhonjiwe. Abantu bangabaKho. Ngibanikela kuWe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

176 Phakamisani izandla zenu manje futhi niMdumise. Futhi ngiMnikela kini, eGameni likaJesu Kristu.

